HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KWESIGABA SONYAKA KUKAMEYI NOJUNI 2019

ISIZULU IPHEPHA LOKUQALA

IBANGA LESISHIYAGALOLUNYE ( GRADE 9)

ISIKHATHI : 2AMAHORA AMAMAKI : 80

IMIYALELO KOHLOLWAYO

1. Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
2. Phendula imibuzo njengokuba kulindelekile.
3. Bhala izinombolo ngendlela emukelekile.
4. Bhala ngesiZulu esihle.
5. Bhala ngesandla esihlanzekile futhi esifundekayo.

ISIQEPHU A

UMBUZO 1

1. ISIFUNDO SOKUQONDISISA

**AYIKHO IMPUNGA YEHLATHI**

UDelani kwakuyindodana kaMnu. Mdlalose owayengusaziwayo eKhayelitsha.Phela wabe enenxanxathela yezitolo.UMdelwa wayengakukhuthalele ukwenza umsebenzi wesikole .Nothisha bakhe base bezame baze bakhathala.Babeke bambize bakhulume naye ngoba befuna ukuthola inkinga yakhe.Wayevele ahlikihle izandla nje angaphumi nampendulo.

Esikoleni iVukile wagcina esebatholile abangani azozwana nabo.Phela yena wayefika ngesikhathi esithandwa nguye ehamba engazi noma liyaphuma noma liyashona yini.Wayefika abhace ezindlini zangasese kuze kube yisikhathi sokushintsha kwezifundo bese eba umshungu nezinye izingane eseyongena kwesinye isifundo.Ezindlini zangasese lapho wayezitika ngomthunzi wezinkukhu nabangani bakhe abangafundi lapha esikoleni ababengeniswa nguye.

Yagcina imehlula le mpilo yonwabu lona olushintsha imibala.Wasiyeka isikole waphila impilo yasemgwaqeni. Waqala manje wadla zonke izidakamizwa lezi.Phela bayakuthengela izidakamizwa lezi uma usaziqala bese beyakuyeka uma usuzejwayele .Ugcina usuyisithithibala sekuyimpilo yakho bese uyifuna uze uyithole imali yokuzithenga.Nakuye uDelani kwaba yileso simo.Wahlala ezitolo ,avimbezele izingane azephuce imali.Kwaya ngokuya wahlangana nezinye izigebengu.Bahlanganisa lawo masentshana bathenga zona izidakamizwa.Ngokuhamba kwesikhathi babona kungumqondo omuhle ukuyobamba izimoto ukuze bathole imali enjengemali.

Nempela balenza isu lokuthi bazobamba inkunzi izimoto ezedlula emini kulo mgwaqo ziziyela ezitolo.Nangempela bavumelana ngokulala khona la emgwaqweni bezemboze ubuso ukuze bangabonakali.Nangempela iqhamuke imoto bayimise, oyedwa akhombe umshayeli ukuthi akehle.Bambambe bamphonse ebhuthini.Basho phakathi.

OkuwuDelani yikhona okwase kuyiqhoqhobele imoto lena .Yayike ihlohlolozwe kubonakale nje ukuthi abasenamsebenzi nayo manje.Yasheshe yaphuma emgwaqweni kwangenwa ehlathini.Bathi bema nje babemkhipha umniniyo

bekhomba ngesibhamu befuna imali.Wadiyazela umshayeli ethi uyothatha imali kanti kuzoba yisikhathi uDelani ebona sengathi uyamazi lo muntu.Wathi qwebu wabukisisa, hhabe nguyise kanti lona! Wama wathula sengathi ubanjwe ugesi.Abangane bakhe bamhlohloloza naye ukuthi akasheshe.Wathi esadidekile omunye umngane wakhe wamnika isibhamu wathi akamdubule lo muntu.Wasithatha wamdubula kodwa samshaya emlenzeni lo baba.Waqinisela lo baba wathatha isibhamu wadubula ngaso uDelani.Samshaya ehlombe wawa.Abangane bakhe bathatha imali zaya, babashiya kanjalo.UDelani wayesekhala kakhulu engazi ukuthi enzenjani.Ubaba kaDelani waqinisela wabiza amaphoyisa.Afika amaphoyisa ngokushesha abathatha aya nabo esibhedlela.Kwacaca ukuba uDelani ucishe wabulala uyise noyise ucishe wabulala indodana yakhe.

UDelani wayegadwe amaphoyisa esibhedlela ukuze alulame ayobhekana nesigwebo sakhe.

1.1.Ngubani igama lomfundi okuxoxwa ngaye lapha? (1)

1.2. Uhlala kuphi lo mfundi na? (1)

1.3. Kwakungowakwabani lo mfundi okuxoxwa ngaye la? (1)

1.4. Wayefunda kusiphi isikole lo mfundi? (1)

1.5. Bhala izinto EZIMBILI ayezenza esikoleni ezazingemukelekile? (4)

1.6. Yisiphi isenzo esasenziwa yilo mfundi esitshengisa ukungezwa? (2)

1.7. Isihloko sale ndaba sihambelana kanjani nalokho okwenzekayo? (2)

1.8. Uma ucabanga yini eyenza uDelani angasheshi ukubona ukuthi nguyise lona? (2)

1.9 Ucabanga ukuthi uDelani wayezombulala ngempela uyise? Chaza. (2)

1.10.Uma ucabanga abangani bakaDelani babenendaba nokuthi kwenzekani ngoDelani? Sekela impendulo yakho. (2)

1.11. Uma wena wawungubaba kaDelani wawuyokwenzenjani emva Kwalesi sehlo? (2)

1.12. Chaza lezi zimo zokukhuluma

1.12.1. Ukubhaca ezindlini zangasese. (2)


1.12.2 Ukuzitika ngomthunzi wezinkukhu. (2)

1.13. Babemsiza kanjani uDelani ukuthi abe umlutha wezidakamizwa? (2)

1.14. Ucabanga ukuthi saba yini isigwebo sikaDelani salesi senzo? (2)

1.15.Yikuphi wena owawungakwenza uma wawungumzali kaDelani? (2)

1.2. Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



1.2.1. Ngabe bakuphi laba abasesithombeni ? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.2. Bhala imisebenzi EMIBILI oyibona yenziwa yilaba abamile abasesithombeni. (2)

1.2.3. Ucabanga ukuthi wenzani lona oguqile esithombeni? (2)

1.2.4. Yini igama lesitshalo esichelelwa yilo ophethe ikani? (1)


1.2.5. Kungaba naziphi izinzuzo empilweni yethu sonke ukuzitshalela ukudla emakhaya? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.2.6. Uyavuma noma uyaphika ukuthi lesi sithombe siveza abafana benamamndla kunamantombazane .Sekela impendulo yakho. (2)

ISIQEPHU B : UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 2

2.Bukisisa lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo elandelayo.




2.1. Kubizwa ngani ukudla okukhangiswa lapha? (1)

2.2. Kunanzuzoni ngokukhula komntwana lokhu kudla ? Bhala OKUTHATHU. (3)

2.3. Yiziphi izakhamzimba ezitholakala kulokhu kudla?Bhala EZIMBILI. (2)

2.4. Lokhu kudla kuhlanganiswa:

A.ngokuxuba ngamanzi abandayo

B. ngokuxuba namanzi abilayo

C. ngokuxuba namanzi antukuntuku. (1)

2.5.Ngokucabanga kwakho igama umahlalehleka liwufanele yini lomkhiqizo ? Sekela impendulo yakho

(2)

2.6.Tomula umusho ophoqayo ngokwalesi sikhangiso ukuba ube nalokhu kudla.

UMBUZO 3

3. Bhala ibizo lesigaba esifanele DWEBELA ibizo.

Umusho wakho kumele wakhe umqondo.

Isibonelo:Bonke (2) badlala ibhola

Bonke abafana badlala ibhola.

3.1. (10) zihlala nabazali bazo kwaNgcolosi.

3.2.Njalo ekuseni ( 1a) uyahamba aye emsebenzini.

3.3. Izingane ziphatha (3) eziwudla esikoleni.

3.4. USanele uthanda (15) okumnandi.

3.5. (7) siphuma ngehora lesi – 2 ntambama. (10)

UMBUZO4

4. Bhala isivumelwano esifanele kule misho elandelayo.

Isibonelo: Uphondo ...hlaba indoda kabuhlungu.

Uphondo luhlaba indoda kabuhlungu.

4.1. Abafundi ...dlala ibhola ngesikhathi sekhefu.

4.2. USimo ...funda nabangane bakhe.

4.3. Izingane ...funda ukudlala umlabalaba.

4.4. Amasi ...wathandeki uma kubanda.

4.5. Udonga ...pendwe kahle ngombala omhlophe. ( 10)

UMBUZO 5

5.Sebenzisa la magama alandelayo akhombise ukuthi anezincazelo EZIMBILI EZINGEFANI.

Isibonelo : inyanga

Umalume ulashwe **inyanga** yakwaNgcobo ngesikhathi egula.

**Inyanga** kaJuni iyophela esesekhaya.

5.1. ithanga

5.2. isonto

5.3. abathakathi (6)

UMBUZO 6

6.Bhala igama elilodwa elisho ibinzana lamagama abhalwe ngokunzima.

Bhala igama kuphela.

6.1. **Umama kababa wami** ungithengele ibhayisikili.

6.2. Ungikhonzile **unkosikazi kamalume** ungenzela konke okuhle.

6.3. Ziyahlupha izingane **zabantwana bami.**

6.4. USipho ukhala **ngezingane zikadadewabo** ukuthi ziyahlupha. (4)

**AMAMAKI ESEWONKE : 80**